# IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

***Intshumayelo ngesonto 03 emva komkhosi wobuThathwemunye, ngomhla ka 16. 06. 2013    33/2013***

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.**

1. Iculo 142/125

2. **Umkhuleko:** Nkosi Msindisi wethu. Wena owafeza umsebenzi kaBaba osezulwini ngokuzithoba okukhulu. Siyabonga insindiso yakho efinyelele kithina. Sicela ukuholwa nguwe, uphathe futhi ungcwelise izinhliziyo zethu ukuze sigcine imiyalelo yakho. Sivikele njalo ukuze imiphefumulo yethu igcineke kuwe, ngoJesu Kristu, iNkosi yethu. Ameni.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku-1 Thimotheo 1:12-17;

   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuLuka 15:1-10.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo -/173

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

7. **Ivangeli** ngohlelo lwesihlanu lilotshiwe kuLuka 19:1-10, lithi: UJesu "wangena eJeriko, wadabula khona. Bheka, kwakukhona indoda, igama layo linguZakewu, ingumthelisi omkhulu, icebile. Yayifuna ukumbona uJesu ukuthi ungubani; yahluleka ngenxa yesixuku, ngokuba yayimfushane. Yagijimela phambili, yakhwela emthombeni ukuba imbone, ngokuba ebezakudlula ngakhona. Esefikile uJesu kuleyondawo wabheka phezulu, wathi kuyo: 'Zakewu, shesha wehle, ngokuba namuhla ngimelwe ukuhlala endlini yakho.' Washeshsa wehla, wamamukela ngokuthokoza. Kuthé bekubona, bakhonona bonke, bathi: 'Uyé kungenisa kwandoda eyisoni.' Kodwa uZakewu wasukuma, wathi eNkosini: 'Bheka, Nkosi, ngipha abampofu inxenye yempahla yami; kuthi uma ngimaphucile umuntu into ngamacebo, ngiyibuyisa iphindwe kane.' UJesu wathi

kuye: ‘Namuhla insindiso ifikile kulendlu, lokhu naye eyindodana ka-Abrahama. Ngokuba iNdodana yomuntu izé ukufuna nokusindisa okulahlekileyo.’” Amen.

8. **Intshumayelo:** Zihlobo ezithandekayo zeNkosi uJesu. UJesu iNdodana kaNkulunkulu ufikile kithina. Unguye impela umuntu: enobuso, nesimo, nozalo njengathi thina bantu; ezelwe ngowesifazane. Lapho ezelwe wayesongwa ngezindwangu engumntwana womuntu, waze wakhula engumuntu. Ekuhambeni kwakhe wayekhathala ngakho wake waphumulela emthonjeni kaJakobe; kwathi omile wacela ukuphuziswa amanzi, ngowesimame eSamariya. Emva komsebenzi wokushumayela waba nobuthongo walala esikebheni esasiwela uLwandle lwaseGalile. Ungumuntu uqobo njengabo bonke abantu. Kunye kuphela okumenza ehluke – akanaso isono. Olobela amaHebheru uthi: “Ulingiwe kukho konke njengathi, engenasono.” Yingakho athulisa nezitha zakhe ezibuza ukuthi: “Ngumuphi kini ongilahla ngesono na?” (Joh. 8:46).

Ngakho-ke, nakuba engumuntu, mkhulu kunabo bonke abantu ngoba akanasono. Yebo, mkhulu impela kunabanye abantu ngoba "umoya nolwandle kuyamlalela, kuyathula lapho ekuthulisa. Amademoni ayaphuma lapho ewakhipha kwabagulayo; abakade bephethwe yizifo nokugula bayelapheka baphile saka lapho eyala ukuthi makube njalo. Nokufa imbala kuyamthobela; uyabavusa abafileyo ukuba babuye baphile. (Mark. 4:41). Yebo, akayena umuntukazana, unguNkulunkulu-muntu, uqobo lwesithathu lobuThathwemunye: nguNkulunkulu uqobo njengokusho kweBhayibheli. UyiNkosi eyeza emhlabeni onesono, iNdodana kaNkulunkulu eyafunyanwa emzimbeni womuntu, njengalokhu sivuma kwisiVumo saseNikeya: "waba ngumuntu" Manje, yingani wayejwayele njalo ukuzibiza ngeNdodana yoMuntu na? Wayekwenza lokhu ukuze sazi ukuthi njengoba eyiNdodana yoMuntu, unguye uMsindisi wethu. Sasingaye isethembiso sasendulo soMesiya ozayo ozofuna asindise abalahlekileyo. Lapho ethi uyiNdodana yoMuntu uyagcizelela njalo ukuthi lemfihlo engaqondakaliyo esiyambulelwe isho yena: ongoPhakade kodwa owazalwa engumuntu – waba ngomunye wethu – umfowethu uqobo. Njengawe nami – wazalwa ngowesimame, wakhula, edla ephuza, elala, esebenza, ekhala. Ungumuntu, hhayi nje umngane wethu kuphela kodwa umfowethufuthi Ukufika kongumfowethu kuyanika ithemba; kuyefana nakubafowabo bakaJosefa eGibhithe ababesaba bemthengisile kwababezomgqilaza, becabanga nokuthi wayefile. UJosefa uma ethi: "Wozani kimi. NginguJosefa umfowenu" kwashabalala masinyane ukwesaba nokungabaza ezinhliziyweni zabafowabo. Akusithokozisi yini thina uma uJesu ezihlanganisa nathi ethi kithi yena uyiNdodana yomuntu nangalokho ungumfowethu? Muhle kakhulu lomlayezo othi: uNkulunkuluusengumfowethu manje. Kulesisahluko uthi uJesu weza "ukuzofuna nokusindisa okulahlekileyo". Ngobani "abalahlekileyo"? Ngabantwana nesizukulwane sika-Adamu. Wezela bona – yibona abalahlekileyo. Yibaphi labobantwana na? Ngabathelisi nabakhohlisi abangoZakewu, iziphingi njengomame waseSamariya, ababulali abanjengoDavide, izinxibi ezenyanyekayo njengoBatrimewu. UJesu wezela namasela njengalo elabethelwa kanye naye esiphambanweni. Singabala lapha ngenxa yezono zabantu ezweni lethu: abadlwenguli, izinkonkoni, nababuswa yizinkanuko zangokocanzi,

okwakhulunywa ngabo kwabaseRoma 1:26-27 ukuthi: "Ngenxa ya lokho uNkulunkulu wabanikela ukuhuhekeni okuyihlazo; ngokuba abesifazane babo baguqula ukwenza kwemvelo kwaba-ngokuphambene nemvelo; ngokunjalo nabesilisa bayeka ukwenza kwemvelo kowesifazane, basha ngokukhanukelana, abesilisa benza okuyichilo kwabesilisa, bezitholela umvuzo ofanele ukuduka kwabo." Kulezinsuku phela sifunda kakhulu ngalokhu emaphephandabeni. Kukhona ukuxakeka abanye bethi bayacindezelwa – ngisho nesonto liyababandlulula – ngoba beyizinkonkoni. Akuhlukile konke lokhu kulokho uPawulu asitshela ngakho kwabaseRoma 1. UJesu wezela bonke, ngoba wezela abalahlekileyo – wezela nami, nawe futhi. Lona ngumlayezo omuhle kakhulu kithina.

Kuyadabukisa impela ukuthi abaningi ababoni ukuthi balahlekile nokuthi bayamdinga uMsindisi. Lobu wubumpumputhe obubuhlungu kabi, bubuhlungu ngoba bukhomba ukweswelakala kokukholwa. Ongakholwa angeke ahlale kuNkulunkulu. Abangakholwa bayazikhohlisa bethi abamdingi uNkulunkulu nensindiso yakhe. Abavumi nokuthi balahlekile; abafuni nakutholwa lokho, ngakhoke bayakuhlala beyizilahleki njalo. Bayamala uMsindisi othunyelelwe bona, ngalokho ekugcineni sekwahlulelwa, nguyena loMsindisi oyakubaphika – balahlwe lingasekho ithuba lokuba babuye batholwe. Okwamanje lisekhona lelothuba, ngomusa kaNkulunkulu basengamukelwa nguye uma bephenduka beshiya isono bemvuma uMsindisi; uNkulunkulu angabaxolela kulesisono sabo ngenxa kaJesu ongadinwa ukufuna olahlekileyo.

Kukhona nabanye abathatha ngokuthi balahleke kakhulu kangangokuthi angake baze batholwa ngumuntu ekulahlekeni abakukho. Nangalokhu basengozini enkulu, ngoba abamethembi uJesu ukuthi uyafinyelela kubo. Akekho umuntu ongeke atholwa nguJesu ekulahlekeni kwakhe. Njengalokhu uJesu athola uZakewu esihlahleni nasemaphutheni akhe, angathola noma ngubani, nathi angasithola noma ngabe sikuphi. Uthi, ngomlomo kaJeremiya: "Ukhona ongacasha ezindaweni ezifihlekileyo ukuze ngingamboni na? usho uJehova. Angithi ngiyagcwalisa izulu nomhlaba na? usho uJehova." (Jer. 23:24). Akekho ongeke atholwe yiso elibanzi likaNkulunkulu; uJesu uyakubona enguNkulunkulu okhona ndawo zonke; nguyena uMenzi wezimanga uSimakade. Ufikele lokho emhlabeni ukuba athole bonke abalahlekile. Akunamehluko phakathi kolahleke kancane, noma olahleka ngasikhathi-thize: "Bonke bonile, basilalelwe inkazimulo kaNkulunkulu" (Rom. 3:23). UJesu weza kwabalahlekileyo, abangenathemba, abadinga kuphela iNdodana yoMuntu: umusa wayo namandla ayo okubathola.

Ngakho-ke, uma ucabanga ukuthi izono zakho zimbi ngokwedlulele yazi ukuthi zingeke zilehlule igazi likaJesu elinenani elikhulu, elachithwa ngenxa yakho. Uma ucabanga ukuthi seweqa umthetho weNkosi kakhulu-khulu, yazi ukuthi aweqanga walahleka ukuba angehluleka uMelusi ukukuthola la ukhona.Wezela ukuba ngeso lakhe lobuNkulunkulu akuthungathe aze afike kuwe, akubuyise ufike kuBaba, usindiswe.

Sonke sinazo izintaba nezikhotha esidukele kuzo. Sinezono ezinzima neziningi siphanzi otwini siyaminza ngenxa yazo. Kuba sengathi akasoze aba namandla okusitakula lapho uJesu. Siyaphakanyiswa namuhla ngalamazwi eNkosi athi: "Namuhla ngimelwe ukuhlala endlini yakho. Namuhla insindiso ifikile kulendlu; ngokuba iNdodana yomuntu ize ukufuna nokusindisa okulahlekileyo."

UJesu akehlanga nje kuphela esihlalweni senkazimulo kaYise, athathe isimo somuntu, aphile nakulomhlaba wezoni. Wabuye waba ngumhlatshelo ngaleso naleso soni esiphilayo ngenkathi emela thina ekwahluleleni kukaBaba. Lapho bembethela esiphambanweni wayebethelwa endaweni yethu; ehlatshwa kuchitheka igazi lakhe kwakungenxa yezono ezenziwe yithi. Nalapho efa, wafa endaweni yethu. Uthando lwakhe lukhulu ngangokuthi usaqhubeka efunana nabalahlekileyo; uyafuna ukubabuyisela kuBaba "engathandi ukuba kubhubhe namunye, kodwa ukuba bonke beze ekuphendukeni." (2 Petr. 3:9). Ngakho-ke usasibiza uJesu ngothando olukhulu siphume ehlathini, uthi: "Zanini kimi nina nonke enikhatheleyo nenisindwayo ngiyakuniphumuza." (Math. 11:28). Nathi, siliBandla lakhe siyaqhubeka ngokumemela abantu kuJesu, iNdodana yoMuntu, yena oweza ukufuna nokusindisa okulahlekileyo. Makube kuye udumo manje naphakade. Amen.

9. **Umkhuleko:**. Nkosi Jesu Kristu, siyabonga ukusithwalela kwakho amacala ethu. Sibonga ukusithanda usilwela usivikela ebubini. Siyacela usithethelele ngoba sinokuthanda okuncane, sinokuzazisa, futhi singakudeli okubi. Sifundise ukuthandana, nokuzithoba, usiphe ukholo olulangazela wena, Mlweli wethu. Senzele lokho ngomusa wakho. Ameni Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 8/7

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2013 ngu-M. N. Mntambo
Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.